

Iyunithi yezingquphunga inomqondisi omusha

Tshwane, 18 kuMfumfu 2021 – Namuhla, uPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) lwamukele uNkz Natasha Singh, oyi-chartered accountant onesipiliyoni esingaphezulu kweminyaka engama-20, njengoMqondisi Weyunithi Yezingquphunga (HWI). UKhomishana uKieswetter wethule uNkz Singh kozakwabo nezisebenzi zasemahhovisi aseWoodmead lapho iyunithi entsha izoba khona kanye neYunithi Yamabhizinisi Amakhulu Nawamazwe Omhlaba (LB&I).

UNkz Singh uneziqu ze-*Masters* kanti unguchwepheshe kwezokuthela nokuthelisa. Ungena kwaSARS nje usuka kwa-Eskom lapho abesebenza khona Eyisikhulu seziMali: *Group Insurance and Tax*. Ukuqashwa kwakhe kube yithuba elihle njengoba kuqondane nemibiko eminingi yakamuva ethinta le yunithi yabakhokhintela, kubandakanya nalo osanda kukhishwa obizwa nge*Pandora Papers*.

Ngokuhambisana nokuphokophelwe uSARS okungukwenza kube lula kubakhokhintela ukuba bathobele imigomo yentela, ukuqashwa kukaNkz Singh kubalulekile eswini lokulekelela ekuthuthukiseni ukuthobela kubantu abayizingquphunga abanezinhlalo zezimali eziyinkimbinkimbi.

UNkz Singh uthi, “Ngiyabonga kakhulu futhi kuyangithobisa ukwethenjwa okungavamile ngalesi sikhundla sokuba uMqondisi weyunithi yakwaSARS yabantu abayizingquphunga. Ngiyisisebenzi somphakathi sidalo sami, futhi ngiyaweseka kakhulu amandla okuba nenhloso. Ngokuhlenganisa ugqozo enginalo ngokusebenzela umphakathi nokulambela ukuba nenhloso njalo nje, ngifisa ukuba negalelo elihle futhi ngihloniphe umgomo wakwaSARS wokuSebenza ngokuziNikela ekusebenzeleni inhlalakahle yabo bonke abantu baseNingizimu Afrika”.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uthi, “Siyalibona igalelo laleyunithi ezimalini eziqoqwayo, ngazindlela zonke, eNingizimu Afrika. Siyazazi nezinsalelo ezingase zibe khona, noma ezikhona kumanje mayelana nezindaba zentela kanye nezibophezelo zentela kubantu nasemindenini yabo. Izingquphunga, zivame ukuhlela izindaba zazo zentela ngendlela eyinkimbinkimbi ezinhlakeni zakuleli nezingaphandle kwezwe, abaame ukufihla ubunikazi bakwakuzuzayo kanjalo nengeniso lemali eliyilo.”

UMn. Kieswetter wengeze ngokuthi ukwembuleleka okuqhubekayo okwenzeka kwabezindaba emhlabeni jikelele mayelana namathransekushini ezimali ezingquphunga emhlabeni jikelele adinga ukuphenywa kahle okuzokwenziwa ongoti abagodile abafanele abafana noNkz Singh. “Njengoba laba esibahlonze kuqala befaka nezingquphunga ezingaphezu kwezi-1500 nezikhungo zabo, ukuqinisekisa ukuthi asilahlekelwa umbono, sizoqhubeka sengeze isibalo sabesifinyelela kubo ngabanye futhi abantu nemindenini yabo.

“Yize uSARS ezinikele ekulekeleleni abakhokhintela ngezibophezelo zabo ngokomthetho, isikhungo naso sizimisele ngokuhlonda futhi sivimbe ukungathobeli. Phezu kwalokho, uSARS angeke ukubekezelele ukungathobeli kwabakhokhintela futhi uzokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo bakhokhintela abanjalo ngaphandle kokwesaba noma kokwenzelela,” kwengeze uMnu. Kieswetter.

UNkz Singh uzoqala ukusebenza esikhundleni sakhe esisha mhla ziyi-18 kuMfumfu 2021. Bheka izithombe ezinanyathelisiwe.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za